W O H ISIQEPHU 207

JEN – ZOE – NOMUSA

PHILILE

THANDIWE:

Umculo:

Nomusa: Ngiyakubingelela mlaleli egameni likaJesu iNkosi yethu. Siyakwamukela mlaleli, ohlelweni lwabesifazane olubizwa ngokuthi, " Abesifazane Abanethemba" olwethulelwa abakwa Trans World Radio. Ngiyakwethembisa mlaleli, kuningi nanamuhla ozokufunda. Igama lami ngingu Nomusa, angihambi ngedwa, ukhona nodadewethu uPhilile, engizomdedela ukuthi azokubingelela bese, esazisa ngezifundo zanamuhla. Woza-ke sisi!

Philile: Ngiyabonga sisi. Ngiyakubingelela mlaleli, egameni likaJesu iNkosi yethu. Ngiyajabula mlaleli ukwazi ukuthi usukhona ukuzolalela loluhlelo. Mlaleli ngiyakwethembisa nanamuhla kukhona ozokufunda. Ezifundweni zempilo yethu, ukhona udadewethu uThandiwe, uzosilethela isifundo esikhuluma ngezinto ezijwayelwe ukwenziwa abantwana bese kuthi, udadewethu uPhilile yena lona okhulumayo akulethele isifundo ngokufundisa abantwana bethu.

Ngiyakwethembisa mlaleli, kuningi ozokufunda nanamuhla. Uthini dadewethu Nomusa?

Nomusa: Ngiyabonga sisi. Uyazi engithanda ukukusho, ngithanda ukuxoxela umlaleli ngendodakazi yami, uNamhla ngento ayejwayele ukuyenza esemncane. Wayejwayele kakhulu ukuncela isithupha. Wayekwenza lokhu uma kukhona okujulile akucabangayo, noma ehlezi-nje ezithulele. Okunye ayekujwayele ukudonsa izinwele ekhanda lakhe.

Philile: Yebo sisi. Ngabe wena nomyeni wakho nake nazama ukumyekisa ukwenza konke lokhu? Ngabe nenzani-nje?

Nomusa: Mlaleli nawe sisi, sazama ngezindlela eziningi. Sakhuluma naye, samtshela ukuthi, uzolimaza amazinyo akhe. Samsabisa ngokuthi, isithupha sithwala amagciwane azomenza agule uma esincela. Ngake ngafaka inhlaba esithupheni wakhala wasigeza. Ubaba wakhe yena wayemthethisa njalo uma embona esincela. Kodwa ngiyathanda wazi mlaleli ukuthi, abantwana bakwazi kahle ukwenza izinto bengabonwa. Ingakho kufanele abazali baqinisekise ukuthi, abantwana babo bahlala bendawonye nabo.

Philile: Ngiyabonga sisi. Awusho sisi ngabe naphumelela emizamweni yenu? Wayeka ukuncela isithupha uNamhla?

Nomusa: Ha! Ha! Ha! Sisi, ngomusa kaNkulunkulu, kwaya ekuyeka kancane kancane, waze wagcina esengakwenzi waze waba mdala. Ngoba samenza wabona ukuthi asihambisani nalomkhuba wokuncela isithupha. Engikuthandayo lapha akubanga yimina kuphela olwa nalesisenzo kodwa sabambisana nobaba wakhe. okunye wayejwayele ukuthi, njalo uma ehamba athathe ithoyizi lakhe eliyisilwane ahambe nalo, nalapho sabambisana nobaba wakhe waze wawuyeka lowomkhuba.

Ngiyakholwa njengoba sikhuluma –nje kukhona umlaleli onomntwana naye oneyakhe into ayenzayo. Sizwile ukuthi kuzokhulunywa ngokuthi, singenzanjani ukuze sinqande abantwana bayeke imikhutshana engemihle abayenzayo. Sengizodedela udadewethu uThandiwe angene nesifundo sakhe.

Umculo:

Thandiwe: Ngiyabonga sisi. mlaleli, ngiyakubingelela egameni likaJesu iNkosi yethu. Kwamnandi ukwazi ukuthi usuhlezi phansi usulindele ukuzwa ukuthi, sikuphatheleni namhlanje. Mlaleli isihloko engizokhuluma ngaso sithi:

IZINTO EZINGEZINHLE EZENZIWA ABANTWANA BESAKHULA

Mlaleli, kunezinto ezintathu ezingijabulisayo.

1. Ubudlelwane noNkulunkulu
2. Ubudlelwane phakathi kwami nomyeni wami
3. Abantwana bethu, ukubaibona bedlala, besihlekisa kwesinye isikhathi benze izinto ezingasijabulisi nakancane.

Mlaleli, kunezinto ezenziwa ngabantwana bethu esingathandi ukuthi bazenze. Njengokufaka imino emakhaleni ngasosonke isikhathi, ukudla izinzipho, nokucosha udoti bawudle. Mlaleli lezizinto ziyingozi empilweni yomntwana wakho. Ngasosonke isikhathi, umunwe ungena ekhaleni lomntwana wakho, ngasosonke isikhathi uma ecosha udoti ewudla noma edla izinzipho, basuke befaka amagciwane emizimbeni yabo, okungabenza bagcine sebegula kakhulu.

Phililе: Wow!! Sisi! Awusho, singenzanjani ukuze abantwana bawuyeke lomkhuba?

Thandiwe: Siyabonga sisi ngalombuzo. Nakhu ongakwenza:

1. Zama ukuthi, kubekhona abakwenzayo ngasosonke isikhathi.
2. Zama ukuthi badwebe izithombe, bazifake imibala
3. Bacele bageze izitsha, siyazi sonke ukuthi bayathanda ukuzigeza
4. Miningi-ke imidlalo ongayidlala nabo

Mlaleli, kunento ekhathaza abazali abaningi eyenziwa ngabantwana babo okunzima ukuthi, babayekise yona, UKUKHULUMA AMANGA!

Mlaleli, bonke abantwana bafika esigabeni lapho, bekhuluma amanga, uma bekhula. Uyazi mlaleli, izimvuthu zekhekhe zingagcwala izihlathi zabo, kodwa bathi, abazange balidle ikhekhe. Basho futhi bathi, abazange balilume ngisho nakancane ikhekhe. Mlaleli, lesi kuyisikhathi sokuthi thina esingabazali sibonise ukubathanda, sibatshele iqiniso, uyazi kanjani mlaleli?

Umntwana mkhombise izimvuthu zekhekhe ezisezidlathini zakhe. Ungalwi naye, umbonise ukuthi, ulidlile ikhekhe. Bese uyamtshela ukuthi, kuyaye kubonakale uma umuntu ekhuluma amanga.

Mbuze futhi ukuthi, ulidlile na ikhekhe? Uma esevuma ukuthi ulidlile mchazele ukuthi akwenzile akukuhle kufanele afunde ukuyicela into uma eyithanda. Dadewethu Philile kukhona ofisa ukukusho?

Philile: Ngiyabonga sisi. Siyabonga ngosusifundise khona, amanga, ngiwazi kahle, nabami abantwana badlule kuwo kanti kukhona osabambelele kuwo, sengifundile-ke ukuthi kumele ngenzenjani ukuze asizakale.

Okunye-ke mlaleli okuthandwa abantwana bethu, ukudla ama crayoni. Kubalulekile ukuthi, sibathengele amacrayoni abhalwe ukuthi, (Non-Toxic) lawo-ke mlaleli awanabo ubuthi. Ngeke abagulise.

Thandiwe: Siyabonga dadewethu Philile, ngalesiseluleko kodwa noma kunjalo, bafanele bangabe besawanikwa uma sebeqala ukuwadla. Noma ngabe imaphi.

Indodakazi yami yabancane yaze yaqeda iminyaka emibili, yayinomkhuba wokuhlikihla ikhanda layo embhedeni, iphenduke ilihlikihle ngakwenye ingxenye yekhanda layo. Mlaleli, lesisenzo sakhe sasigcina seziqothukile emaceleni izinwele zakhe. Abantu babecabanga ukuthi ngiyamgunda emaceleni. Wayeka ukukwenza lokhu lapho eseneminyaka emithathu, zaqala manje izinwele ukukhula lonke ikhanda. Manje useneminyaka engu 16 izinwele zakhe ungeke usasho ukuthi zake zaqothuka kanjeya. Ababaningi-ke abantwana abakhula bengenazo izinto ezingezinhle abazenzayo. Uthini sisi?

Philile: Siyabonga ngalencazelo. Awusho sisi, ngabe kukhona okwenziwa abantwana uma bekhula okungaba ingozi kubo?

Thandiwe: Yebo sisi, zikhona. Abanye abantwana uma befuna into ethile, baziwisa phansi, abanye bashaye ngamakhanda abo phansi. Bawashaye, ngoba bebonisa ukuthi bafuna abakufunayo. Lokhu mlaleli akuyona into enhle ngempela, ingaba ingozi enkulu empilweni yabo. Engingakweluleka ngakho-nje ukuthi, mhambise kuDokotela ubike kuye okwenziwa umntwana wakho. Abanye bazishaya ezingxenyeni zamapulangwe emibhedeni yabo, zama ukuthi lezondawo zihlale zibekwe imicamelo ukuze kuthi noma ezishaya angazilimazi okunye kufanele ukuqaphele ukuthi, ingaweli kuye abese engakwazi ukuphefumula kahle.

Phililе: Muuuuu! Mlaleli, lokhu kubaluleke kakhulu ukuthi, sikwenze, sivikele abantwana bethu ukuthi, bangalimali. Sisi, awusho senzenjani uma sebefika esigabeni sokubuza izinto, Yini lena? Yini ibenjena?

Thandiwe: Ngiyabonga sisi umbuzo omuhle lona. Nami ngisazi kahle lesosikhathi, abantwana bami bafikile kuso. Kwesinye isikhathi-ke sisi nawe mlaleli, uyaye uthi kumntwana wakho, ngane yami thatha nankuya udoli wakho, abesekubuza ethi, Ngiwuthatheleni? Umtshele ukuthi, ngiyashanela, akubuze athi, Ushanelelani ma? Phela ngane yami sesizoyolala kufanele sishiye indlu ihlanzekile.

Abuye akubuze athi, kungani kufanele siyolala? Kufanele umphendule uthi, imizimba yethu iyakudinga ukuphumula futhi uNkulunkulu wabudala ubusuku ukuze silale siphumuze ingqondo nemizimba yethu.

Ngiyazi mlaleli ukuthi, lenkulumo ingaba isidina kuwe, ngesinye isikhathi, kodwa umntwana yena kukhona akufundayo. Kuyena yonke into eyenzakayo kufanele abuze ukuze azingayo. Wena mlaleli wake wazibuza-nje ukuthi, kungani ilanga liphuma njalo ekuseni lishone ntambama, uke-nje ubuka izinkanyezi sezigcwele isibhakabhaka ukuthi, uke uzibuze ngezimangaliso zikaNkulunkulu azidala? Kubaluleke kakhulu ukuthi sibaphendule abantwana bethu uma besibuza izinto ngoba, indlela abafunda ngayo. Okunye nathi kufanele sibe nalo ulwazi ngezinto esiphila nazo. Uyazi mina uma sebelokhu bengibuza sengikhathele ukubaphendula, ngiyaye ngibakitaze ngibaqabule, bese beyakhohlwa ukungibuza ngoba, kusuke kukhona okumele ngikwenze.

Phililе: Siyabonga sisi. Okusho ukuthi, kufanele sibabekezelele laba, oyini lokhu?, okokwenzani lokhu?, kungani kunjena? Ngoba enye yezindlela abantwana abafunda ngayo izinto okunye siguqule laba okungani sibenze kube isikhathi esimnandi sokuthandana nabantwana bethu. Dadewethu Thandiwe abantwana babanokujikijela phansi izinto uma bethukuthele, singenzanjani kulokhu?

Thandiwe: Sisi ngiyabonga, umbuzo obaluleke kakhulu futhi lona. ngempela abantwana bayakwenza lokhu. Ngempela umntwana owenza lokhu uba nenkinga kumzali nakulabo abamnakekelayo. Inkinga yokuthukuthela, bazilahle phansi, bakhahlele bakhale bamemeze, kwesinye isikhathi akukhahlele nawe ajikijele ngento ayiphethe. Kubalulekile-ke mlaleli ukuthi ubasuse abanye abantwana uma umntwana eseqala ukwenza izinto ezinjena ngoba, bangalimala. Umntwana wami womfana eseneminyaka emibili waqala wayenza lento yokukhahlela aziginqe phansi uma ethukuthele. Waqala ukuyenza sisesitolo efuna ithoyizi eliyimoto mina ngathi kuye akame kancane, wavele wawa phansi wakhala kakhulu, ekhahlela noma ngabe ubani oseduze kwakhe, ememeza ethi, Eyami! Eyami lemoto!! Abantu baqala manje ukungibuka kabi. Ngahlala phansi ngamlinda, kwaphela imizuzu emibili kodwa, wawungathi sekuphele amahora amabili eyenza lento. Wathula wangibuka,

wabona ukuthi angisho lutho ngiyambuka-nje. Ngasuka lapho ngathi kuye, sesingahamba manje? Wasukuma lapho, wangibamba ngesandla sahamba.

Mlaleli, kulesisigaba sokukhula komntwana ilapho eqala khona ukufunda ukuthukuthela, into ejwayelekile usuke engaguli. Kubalulekile ukuthi, wena njengomzali ungabe nawe usuthukuthela njengaye ukuze abone ukuthi asikho isidingo sokuthukuthela. Kubalulekile ukuthi umzibe uma eseqala ethukuthela umntwana wakho. Ngokwenza njalo akekho ozolimala phakathi kwakho nabanye abalapha ekhaya. Ngokwenza njalo uyambonisa ukuthi, ngeke akuthole akufunayo uma ekufuna ngokulwa.

Kodwa mlaleli uma umntwana eqhubeka nokuzilimaza, noma ekulimaza, elimaza nabanye kufanele ufune izindlela zokuyinqanda lento. Okunye-ke mlaleli, ukumbamba umntwana uzame ukumyekisa akwenzayo, ngeke kumsize kuzomqhubela phambili. qinisekisa ukuthi angalimazi abanye naye angazilimazi. Uma lokhu kwenzeka njalo, noma kuqhubeka noma umntwana esengaphezulu kweminyaka engu 2, mhambise kuDokotela okunye ungakhuluma nabanye abazali nibonisane ukuthi ningayinqoba kanjani lenkinga.

Philile: Siyabonga sisi. Mlaleli, njengoba singomama simelwe ukuthi sibeseduzane nabantwana bethu uma bekhula, sibone ukuthi kwenzakalani ezimpilweni zabo. Ngiyazi mlaleli ukuthi, ngesinye isikhathi kuyakhathaza ukukhuluma kahle nengane, uphindaphinde uma yenza into oyibonayo ukuthi ayilunganga kodwa mlaleli kufanele sikwenze ukuze umntwana asizakale. Lesi isikhathi esingelula sokubonisa uthando kumntwana wakho. Umama omthandayo umntwana wakhe uyamkhuza uma enza okungalunganga. Nathi singabazali kufanele sibe isibonelo esihle kubantwana bethu.

Thandiwe: Iqiniso leli sisi olishoyo, abantwana mlaleli bafunda kangcono kokwenziwa abazali babo. Benza izinto ozenzayo baphindaphinde izinto ozishoyo. Uma uhlala uthetha, uma ujikijela izinto uma uthukuthele, umntwana wakho naye uzokwenza njengawe. Uma sikhulisa abantwana, kufanele senze kahle phambi kwabo. Akufanele sithukuthele kuze kweqe nabantwana babone. Uma sifuna ukuthi abantwana bethu bathembeke, kufanele thina sithembeke, uma sifuna ukuthi abantwana bethu babe ngamanuku, kufanele thina sibe ngamanuku. Bafunda kakhulu kithina bazali.

Philile: Siyabonga sisi. Mlaleli, kufanele sibhekisise uma abantwana bethu benza izinto ezingalunganga.

Thandiwe: Iqiniso leli olishoyo sisi, kufanele siziphathe kahle phambi kwabantwana bethu. Abantwana-ke mlaleli ngesikhathi beneminyaka engu 2 bayathanda ukulahla izinto yonke indawo endlini. Ngikubonile lokhu kwenziwa abantwana bami besakhula. Kwesinye isikhathi balahla izinto zase khishini phansi, badonse amabhodwe, izitsha, izipuni bakusakaze phansi. Babewuthanda umsindo, beshaya amabhodwe phansi, ngelinye ilanga ngangena ekhishini, ngafica indodakazi yami endala ikhipha inyama efrijini iyilahla phansi, kwakumanakanaka! Ngathukuthela, ngaya kumama ngithi ngiyamtshela ngehluleka ngenxa

yokuthukuthela. Uyazi wathini? Wathi hlala phansi wehlise umoya! Thandiwe, nalokhu kuzodlula uyakhula phela sisi.

Nalokhu Thandiwe mtanami, kuzodlula! Lokhu-ke mlaleli into ayejwayele ukuyisho uma kukhona obhekene nesimo esithize emndenini. Kimina-ke ngalelolanga, wayengitshela ukuthi, lokhu okwenziwa umntwana wami kuzodlula. Abantwana uma bekhula baqala kulezizinto kodwa, badinga ukufundiswa okulungile ukuze bayiyeke lemikhuba emibi abayenzayo.

Ngempela mlaleli, yafika yedlula iminyaka, umntwana wami wakhula wakuyeka konke lokhu abekwenza kungiphathakabi. Indodakazi yami manje isineminyaka engu 7, uma ngicabanga ngezinto abezenza esakhula, nakhokonke obekungenza ngihlale ngikhathazekile. Uyazi mlaleli, ungangihleki, sengiyakukhumbula konke, sesixoxa ngakho konke naye, amangale-nje ukuthi, uyena owayenza lezizinto? Sengike ngikhumbule lezozinyawana ezincana zigijima endlini ziza kimi. Sengiyikhumbule imibuzo ethi, " Yini lena mama? Okwami lokhu mama? Ngikhumbule esengibamba izinwele uma encela ibele. Leyominyaka idlulile nakho konke futhi idlula masinyane.

Abantwana bethu bayigugu kithi. Bayisipho esisinikwe uNkulunkulu. Asibathande, sibanakekele sisabakhulisa, sibafundise ukuzimela, ukwethembeka, ukuzinakekela nokumesaba uNkulunkulu. Kujabulele lokhu abakwenzayo besebancane, ukhumbule ukuthi, konke kuzodlula.

Mlaleli, sengathi uNkulunkulu angakupha uthando nokuhlakanipha usakhulisa abantwana bakho. Sengathi ikhaya lakho lingagcwala injabulo njalo besakhula noma sebekhulile. Ungakhohlwa ukubatshela nokubakhombiba ukuthi uyabathanda ngokuthi ubabambe ubaqabule, ubatshele ukuthi, bahle. Khumbula abantwana bayisipho esisiphiwe uNkulunkulu. Bayigugu kuye.

Ngiyabonga.

Nomusa: Siyabonga kakhulu dadewethu Thandiwe ngesifundo esibaluleke kangaka. mlaleli, mina ngifunde okuningi namhlanje kulesisifundo. Ngiyethemba nawe kukhona okufundile.

Mlaleli, zonke izinto ezenziwa abantwana uma bekhula, ziyedlula uma sibafundisa ngazo. Abantwana mlaleli, bakhuliswa futhi ngazo. Kukhona-ke lezi ezingalunganga njengokubulala izinto, ukukhuluma amanga, ukuthatha izinto bengazicelanga, kuyenzeka zikhule nabo, uma benganqandwanga kuzo besebancane.

Siyabonga-ke ukuthi ukhona udadewethu uPhilile ozosilethela isifundo esilandelayo.

Umculo:

Philile: Ngiyabonga sisi. Ngiyakubingelela futhi, mlaleli egameni likaJesu iNkosi yethu. UKUFUNDISWA—sonke asikuthandi ngoba, kwesinye isikhathi kusenza singajabuli kanti futhi, sikwazi ukuzimela nokuzenzela izinto. Akusho-ke ukuthi, uma ufundiswa, nokuthi umntwana ayekiswe ukwenza izinto ezibalulekile nazithandayo, njengokudlala ibhola. Okunye-ke mlaleli, ukubafundisa ukuthi, ungabajezisa kanjani uma bonile.

Nomusa: Sengiyangenelela mlaleli sengijahe ukuzwa ukuthi ubani lobaba owayengakwazi ukufundisa abantwana bakhe?

Philile: Mlaleli nawe dadewethu, kwakuyiNkosi uDavide, iNkosi ebalulekile eBhayibhelini eThestameni elidala. Waphila iminyaka eyinkulungwane (1000) ngaphambi kokuthi, iNkosi uJesu izalwe. Njengomfana owayemncane, wayelusa izimvu zikababa wakhe okunye wayengumculi ophambili! wayemthanda uNkulunkulu, ngasosonke isikhathi wayefuna ukwenza kahle phambi kukaNkulunkulu.

Esekhulile uDavide waba iNkosi enamandla eyanqoba izimpi eziningi, ezinamandla. Wayethandwa kakhulu abantu bendawo yakubo, ebhala izinkondlo ezimnandi, kanye namaculo amnandi. Okumnandi-ke mlaleli, abhaliwe eBhayibhelini, siyawafunda njalo. Ilawa phela mlaleli abizwa ngokuthi, incwadi yamaHubo.

Noma kwakunjalo esondelene kangako noNkulunkulu, impilo yakhe yasekhaya yayingenhle. Wayeganwe abafazi abaningi, abanye bamakhosikazi akhe ayengamadodakazi abantu bezizwe, enabantwana abaningi. Kwake kwathi ngesikhathi kufanele aphume nempi yakhe, wahlala ekhaya wangahamba. Kwathi lapho egibele phezu kwendlu yakhe, wabona owesifazane omuhle egeza, wamkhanukela, wafisa ukuba naye, wathumela ukuthi, ayobizwa.

Kubonalakala sengathi akacabanganga ukuthi wenzani wabonakalisa ukuthi, AKAFUNDISEKILE! konke ayekubuka wayekuhalela futhi akuthathe. Kwaba kanjalo-ke nakulomuntu wesifazane ogama lakhe uBethsheba. Wambuka, wamthanda, wambiza. Siyatshelwake ukuthi, walala naye wakhulelwa, isono sikaDavide saphindaphindeka. Akamthatha-nga nje uBethsheba, uBethsheba wayeyinkosikazi ka Uriah, owayengumholi wamabutho empi. UDavide wahlela ukuthi kubulawe u Uriah empini. UNkulunkulu wamjezisa uDavide ngalesosenzo sakhe. Uyazi wenzani uJehova? Umntwana owakhulelwa uBethsheba washona ngesisikhathi ebelethwa, zabaziningi-ke izinto ezamehlela uDavide empilweni yakhe.

INkosi uDavide akasivumanga isono sakhe, kwaze kwafika kuye uMphrofethi uNathan wambuza ngalokhu akwenzile. Kwaba ilesosikhathi-ke uDavide avuma khona ngakwenzile. Wakhuleka kuNkulunkulu wacela uxolo, wacela ukuthi amthethelele. Yebo wamthethelela kodwa usazobuzwa ubuhlungu ngesenzo sakhe esimbi.

Asitshelwa-ke kakhulu ngempilo yakhe yasekhaya uDavide iNkosi. Siyezwa-ke ngokuxabana kwakhe nonkosikazi wakhe wokuqala. Wamshiya, uDavide wezwa ubuhlungu obukhulu esehambile umkakhe wokuqala.

Wayehlala ngokuyolwa izimpi, engenaso isikhathi esanele nomndeni wakhe. zangabibikho-ke izimfundiso ebantwaneni emndenini wakhe. UDavide nendodana yakhe yokuqala u Amnoni no Absalomu indodana yakhe yesithathu, benza njengoba ubaba wabo uDavide wenza. Uma befuna into babesebenzisa abanye abantu ukuze bayithole, noma ngabe kwakuzobabizani. Babekwazi ukuhlukumeza abantu ukuze bathole abakufunayo. Nakhu okunye abakwenza.

U Amnoni wathanda uTamara ozalwa omunye wamakhosikazi kayise, lokho kwakumphatha kabi ngoba wayengazi ukuthi, uzomthola kanjani! U Amnoni wayenomngani, owameluleka wathi, akenze sengathi uyagula acele ubaba wakhe athumele uTamara ukuthi amlungisele ukudla. Nangempela wenza njengoba umngani wakhe emelulekile. Wamcela ubaba wakhe uDavide, wavuma no Tamara. Lokhu ukuvuma kukayise noTamara, kwamjabulisa kakhulu u Amnoni, wazibona –nje uTamara sekungumkakhe! Wazigulisa, weza u Tamara ezomlethela ukudla, wambamba wamdlwengula, kodwa akubanga njengoba ayefisa ukuthi agcine esengumkakhe kodwa baxabana bazondana.

U Absalom umfowabo ka Tamara, wezwa ngokwenzekile kudadewabo, wathukuthela kakhulu. wacabanga ukuthi angaziphindiselela kanjani? Wacabanga ngesu angalenza ukuthi abulale umfowabo u Amnoni. UDavide ubaba wabo naye kwamthukuthelisa kakhulu okwenziwe uAmnoni indodana yakhe kudadewabo. Wazibona ukuthi, wehlulekile ukufundisa umfana wakhe u Amnoni, wahlulekile futhi ukwenza izinto njengoba engubaba kubantwana bakhe.

U Absalom wayeyinsizwa ebukekayo, enezinwele ezinhle, wayezazisa ngenxa yobuhle bakhe. Ubaba wakhe uDavide naye wayeziqhenya ngaye, emthanda kakhulu. wabathanda kakhulu abafana bakhe kwakungathi, uyabona ukuthi, akazange abenaso isikhathi esanele nabo, kangangokuthi akenzanga lutho ngesikhathi u Absalom ebukeka engeneme, engazi futhi ukuthi uAbsalom, wayecabanga ukubulala umfowabo u Amnoni.

Kwadlula iminyaka emibili, u Absalomu wacela umfowabo u Amnoni ukuthi, baye emadlelweni lapho kukhona izimvu, watshela amadoda athile ukuthi abulale u Amnoni, ephindisela ngoba wadlwengula udadewabo u Tamara. Bonke abanye abafowabo baka Absalomu bambalekela sebesabela izimpilo zabo. Kanjalo naye u Absalomu wabaleka, wayohlala nomndeni kankosikazi wakhe, emva kokubulala umfowabo u Amnoni.

INKOSI UDAVIDE NGALESISIKHATHI WAYEKHALELA AMADODANA AKHE U AMNONI NO ABSALOMU

Kwadlula iminyaka emibili, u Absalomu wakwenza futhi. Waqala, wafuna ukuba iNkosi ngaphambi kokuthi ubaba wakhe uDavide akhothame (Ashone). Phela thina mlaleli singamaZulu asisho ukuthi iNkosi ifile noma ishonile, sithi, (IKHOTHEME) He! He! He! Waqala wenza amacebo okuthi angambulala kanjani ubaba wakhe! wakwenza konke lokhu buthule, futhi engafuni noyedwa umuntu azi ngaloluhlelo lwakhe.

Ubaba wakhe uDavide, wabanezinsolo ngalokhu okwenziwa u Absalomu, wabaleka eJerusalema ephephisa impilo yakhe.

Isiphetho sika Absalom asibanga sihle kakhulu, wabaleka naye egibele umnyuzi, izinwele zakhe ezinhle zahhukeka esihlahleni, umnyuzi waqhubeka nokugijima. Kwathi esalenga lapho, elinye lamabutho kayise uDavide lamfica elenga lapho, lambulala.

UDAVIDE WAKHALA KAKHULU NGOKUFA KUKA ABSALOMU

Mlaleli akesibuyele emuva empilweni yomndeni kaDavide iNkosi. Njengoba ngike ngasho phambilini, uDavide wayebhekene nezimpi kakhulu, waze wakhohlwa ukuthi kufanele abekhona emndenini wakhe. wenza kwabakhona uqhekeko phakathi kwakhe nabantwana bakhe. Izinkinga zomndeni zazingaxazululwa muntu. Ngamanye amazwi wehluleka ukuzinika isikhathi sokufundisa abantwana bakhe.

Nomusa: Siyabonga sisi ngalesisifundo!!! Impela kubalulekile ukuthi, abantwana bafundiwe ngezinto zempilo. Akekho umntwana ovele azanzele-nje ukuthi kufanele abhekane kanjani nempilo. Kukhona okunye osafuna ukukusho sisi?

Phililе: Yebo sisi. Kungumsebenzi wabazali, ukufundisa abantwana ukuthi kufanele babhekane kanjani nezimo zempilo, nanokuthi kufanele benzenjani uma kukhona izinto abazifunayo abazali bengenawo amandla okubenzela ngalesosikhathi. Abanye-ke abantwana bayashesha ukufunda kanti abanye kubathatha isikhathi ukufunda ngempilo.

Njengalokhu, okwenziwa uDavide, kwalandela u Amnoni no Absolom naye wenza okunye okubi. Noma-ke uDavide wafinyelela lapho ebona khona ukuthi wonile, wavuma kuNkulunkulu wacela intethelelo. UNkulunkulu wamthethelela kodwa, isimo saqhubeka sangabi mnandi ngenxa yezinto azenzile.

Akulula ukuba umzali mlaleli, lapha sibona uDavide ebenzela konke abantwana bakhe abakufunayo kodwa ehluleka ukubafundisa ngempilo okufanele bayiphile. Kwakufanele abafundise ngezinto adlule kuzo. Siyaludinga usizo singabazali lokukhulisa abantwana bethu. Siyabonga ngeZwi likaNkulunkulu elisitshela ukuthi, “Uma kukhona kini oswela ukuhlakanipha, makacele kuNkulunkulu obapha bonke ngobuhle, engajakadi, khona uyakuphiwa” lokhu sikufunda ku Jakobe 1:5

Mlaleli ngiyabonga kakhulu isikhathi ozinike sona sokulalela lesisifundo, ngiyethemba ukuthi, kukhona okufundile. Ake sikhuleke sicele uNkulunkulu asisize sisafundisa abantwana bethu ngempilo abasazobhekana nayo.

Asikhuleke:

" Baba oNgcwele siyabonga ngalesisifundo sanamuhla. Ngiyethemba ukuthi, umlaleli kukhona akufundile. Siyabonga ukuzwa ukuthi, uma siding ukuhlakanipha singakucela kuwe. Siyacela-ke Baba siph ukuhlakanipha sisakhulusa abantwana bethu. Konke sikucela egameni likaJesu indodana yakho.

Amen.

Nomusa: Siyabonga kakhulu ukuthi, mlaleli uzinikile isikhathi sokuzolalela izifundo zanamuhla. Siyakholwa ukuthi kukhona okufundile. Sibonge kakhulu kodadewethu abasilethele izifundo zanamuhla. INkosi inibusise, nibuye futhi.

MLALELI, SIHLANGANE FUTHI NGOKUZAYO!!!!!!!!

UMCULO: